



NATIONAL SENIOR CERTIFICATE EXAMINATION
NOVEMBER 2020

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA: IPHEPHA II
ISIZULU FIRST ADDITIONAL LANGUAGE: PAPER II

Isikhathi: Amahora ama-2½

Amamaki ayi-100

QAPHELA LOKHU OKULANDELAYO

1. Leli phepha linamakhasi ayi-10. Qiniseka ukuthi nelakho liphelele.
 2. Leli phepha lineziqephu EZIMBILI.
 3. Phendula ZOMBILI iziqephu.
 4. Izinombolo zezimpendulo zakho mazibe njengasephepheni, UNGAZIGUQULI.
 5. Ungaqala nganoma yisiphi isiqephu kodwa kufanele imibuzo yeziqephu ungayixovi.
 6. Qala umbuzo omusha ekhasini elisha.
 7. Bhala ngokucacileyo nangobunono ukuze kube lula ukumaka umsebenzi wakho.
 8. Phendula yonke imibuzo ngesiZulu esihle.
-

ISIQEPHU A ISIGCINO NGESAMI – S.G. ZULU

- Lesi siqephu sinoMbuzo 1, 2, 3, no-4.
- Phendula yonke imibuzo.
- Qala yonke imibuzo yalesi siqephu ekhasini elisha.
- Uzothola amamaki kulokhu okulandelayo:
 - ulwazi lwendaba
 - ukwethula umbono wakho uwusekele kahle
 - ukubhala inani lamagama
 - isipelingi esihle
 - ulimi oluhle

UMBUZO 1

Funda isigaba esicashunwe emdlalweni *ISIGCINO NGESAMI*. Phendula imibuzo engezansi.

(UMaNdlela noMshengu bayaxoxa endlini)

MaNdlela: Umfana ufikile baba izolo, ngethemba nawe umbonile.

Mshengu: Cha, angimbonanga kahle. Isibongo bathi ubani?

MaNdlela: UMahlase.

Mshengu: Konje asiyizo izihlobo kwaMahlase?

MaNdlela: Ngokwazi kwami abukho buhlobo esinabo nabakwaMahlase.

Mshengu: Umchazelile ukuthi uThoko kufuneka aqale asebenze kuqala abese eyashada-ke?

MaNdlela: Ngimchazelile impela baba, kodwa-ke ngibone kahle ukuthi **bengithela amanzi emhlane wedada**. Umfo kaMahlase ujahe umlobokazi nje kuphela. Uthi akukho muntu kubo, yikho ejahile nje.

Mshengu: Kusho ukuthi unenkani lo Mahlase, futhi akezwa. Ngiyasola kuzofuneka ngibhekane naye mina siqu sami. Uyakhohlwa ukuthi uThoko angimkhuliselanga ukushada. Nami nganginezinhloso zami, yikho lokhu okwenza ukuba ngibuye ngimfundise futhi. *(Athule kancane ahwaqe.)* Okungixake kancane nje kuMahlase ngenkathi ngimuthi shazi **ubumpofu** bakhe. Eqinisweni akampofu umhlophe qwa. Umbonile?

[Sicashunwe esigcawini 5, ekhasini 8–9]

1.1 Phendula ngo **YEBO** noma **CHA**.

1.1.1 Lo mfana wakwaMahlase okukhulunywa ngaye yisoka likaThoko. (½)

1.1.2 UMaNdlela ngunina kaThoko. (½)

1.1.3 Isithakazelo sikaMahlase nguShabalala. (½)

1.1.4 "**Ukuthela amanzi emhlane wedada**" kuchaza ukuphila kabuhlungu. (½)

1.2 "Konje asiyizo izihlobo kwaMahlase?" Ngokubona kwakho, kungani uMshengu ebuza lo mbuzo? (1)

1.3 Bhala izinhloso uMshengu ayenazo ngoThoko? Bhala okubili. (2)

1.4 Yini ayengayithandi uMshengu ngomfo kaMahlase? Chaza kafishane. (2)

1.5 Funda isitatimende esingezansi. Bhala impendulo ezoba ngamagama **angama-60** kuya **kwangama-80**.

Empilweni ungagcina **wenza izinto ongazange wazicabanga ukuze uphumelelise izifiso zakho.**

Uthini umbono wakho ngalokhu? Phendula ubhekise **ezenzweni** zalaba balingiswa emdlalweni.

- Bhala **okuthathu** ngoThoko (3)

- Bhala **okuthathu** ngoMshengu (3)

Ulimi nohlelo (1)

Inani lamagama nokulibhala (1)

[15]

UMBUZO 2

Funda lokhu okulandelayo bese uphendula imibuzo. Bhala impendulo ngezigaba. Phendula ngamagama asukela **kwayi-100** kuya **kwayi-120**.

Udweshu lwangaphakathi luholela kudweshu lwangaphandle. Fakazela lesi sitatimende ngokubhekisa kuMshengu.

Bhekisa kulokhu okulandelayo:

- Veza udweshu lwangaphakathi lukaMshengu. (2)
- Izenzo zikaMshengu ezaba ngumphumela walolu dweshu. (3)
- Zibathinte (affect) kanjani laba balingiswa:
 - uMaNdlela (3)
 - uNqampu (2)
 - uSifiso (2)
 - uThabi (1)

Ulimi nohlelo (1)

Inani lamagama nokulibhala (1)

[15]

UMBUZO 3

Bhala **ingxoxo** ezoba ngamagama **ayi-130** kuya **kwayi-150**.

UMshengu usanda kuphuma esibhedlela, uyalulama, usekhaya. Esekhaya uvakashelwa nguMahlase, ubaba kaSifiso. Bhala **ingxoxo** phakathi kwabo bobabili bekhuluma ngokwenzekile phakathi kwemindeneni yabo.



[<www.google.co.za>]

Ingqikithi (okusendabeni = 7/okwakho = 3)	(10)
Isakhiwo	(2)
Ulimi nohlelo	(2)
Inani lamagama nokulibhala	(1)
	[15]

UMBUZO 4

Bhala **i-esityi** ezoba ngamagama **ayi-180** kuya **kwangama-200**. **I-esityi** yakho mayihlukaniseke **ngezigaba, ibe nesihloko**.

Ukuganiselana nokushada kufanele kwakhe (create) futhi kuqinise ubuhlobo nobudlelwano emindenini. Kepha kulo mdlalo **kudale ukungezwani kwaletsa ukuphikisana**.

Isingeniso

Veza umbono wakho ngesitatimende esingenhla. (3)

Inggikithi

Phawula ngobudlelwano balaba balingiswa emva kokuba uSifiso efune ukuzovela kwaMshengu.

- UMshengu noThoko (5)
- UMshengu noMaNdlela (4)
- UMshengu noNqampu (2)
- UMshengu noMahlase (2)
- UThoko noSifiso (2)

Isiphetho

Bhala isiphetho nesifundo ositholile ngokungezwani emindenini. (3)

Isakhiwo (1)

Ulimi nohlelo (2)

Inani lamagama nokulibhala (1)

[25]

Amamaki angama-70

ISIQEPHU B UKUBHALA NOKWETHULA

- Lesi siqephu sinoMbuzo 5 noMbuzo 6.
- Qala yonke imibuzo yalesi siqephu ekhasini elisha.
- Uzothola amamaki kulokhu okulandelayo:
 - Isakhiwo esifanele
 - Ithoni nerejista efanele
 - Ulimi oluhle
 - Isipelingi esihle
 - Ingqikithi enhle
 - Ikhono lokuziqambela
 - Ukubhala inani lamagama

UMBUZO 5

Phendula uMbuzo 5.1 **NOMA** uMbuzo 5.2. Bhala amagama **ayi-150** kuya **kwangama-180**.

5.1 Incwadi yesicelo somsebenzi

Ngomhlaka 3 kuNtulikazi 2020 ephephandabeni iSolezwe kuvezwe isikhangiso esifuna uKhomishana wamaphoyisa kazwelonke (National Commissioner). Bhala **incwadi yesicelo somsebenzi** ucele ithuba lokuqashwa.



[<www.google.co.za>]

Incwadi yakho ayifake lokhu okulandelayo:

- Imininingwane yakho. (2)
- Ukuzichaza ubuwena/ungumuntu onjani. (2)
- Imfundo, izindawo osebenze kuzo/isipiliyoni, nezikhundla. (3)
- Izinhloso zakho uma uthola lo msebenzi. (3)

Isakhiwo (7)

Ulimi nohlelo (2)

Inani lamagama nokulibhala (1)

[20]

NOMA

5.2 Umbiko

Uthishanhloko omusha wesikole senu uthole ukuthi eminyakeni emithathu ilandelana izinga lokuphasa kwabafundi liphansi/liyehla kakhulu. Ucele wena njengomphathi wekomidi labafundi ukuthi umenzele ucwaningo olugcwele uthole izizathu zaloku bese umbhalele **umbiko**.



[<www.google.co.za>]

Umbiko wakho ungafaka lokhu okulandelayo nokunye:

- Imicimbi, ezemidlalo, ubuchwepheshe, ubudlelwano, ukungahloniphi, izidakamizwa njll. (6)
- Isiphetho (2)
- Iziphakamiso (2)

Isakhiwo (7)

Ulimi nohlelo (2)

Inani lamagama nokulibhala (1)


[20]

UMBUZO 6

Khetha uMbuzo 6.1 **NOMA** uMbuzo 6.2. Bhala amagama **angama-60** kuya kwangama-80.

Inkombandlela

6.1 Wena usesibhedlela ushaywe yizigebengu. Umngane wakho usendaweni yokupaka izimoto eduzane nasesitobhini samabhasi. **Mchazele indlela** eya esiteshini samaphoyisa, ukubhalisa icala lakho, bese adlule azokuvakashela esibhedlela.



[<www.google.co.za>]

- Ingqikithi (6)
 - Isakhiwo (2)
 - Ulimi nohlelo (1)
 - Inani lamagama nokulibhala (1)
- [10]**

NOMA

6.2 Isikhangiso

Wena ungumphathi wenkampani entsha yaseNingizimu Afrika eyakhe/eyenze *i-smart phone* esisha. Bhala **isikhangiso** esizodayisa lolu cingo olusha.



[<www.google.co.za>]

- Inqiqithi (6)
 - Isakhiwo (2)
 - Ulimi nohlelo (1)
 - Inani lamagama nokulibhala (1)
- [10]**

Amamaki angama-30

Amamaki esewonke: 100